

*Cunu agriculture*

K13/21

b  
1  
32

(58)846  
P.P. 1-32  
1

11b

"Cunu agriculture"

E.M. Vilakazi.

Ukudla.

K13/21

Umbila:- A bantu kudala bawuthola imbila kodwa lombila umnyama wona. Lena eminye imbila isifika na6o a6amhlophe.

Idolandi:- Lombila mncane izinhlamvu zawo kodwa uyashesha ukuvuthwa, kanti futhi uyakwazi ukumela ilanga uma libalele. Lombila ufike na6amhlophe, nabantu basebeyawuhlwayela. Akuwona umbila wabantu womda6u. Futhi lombila umnandi wona kodwa uma ugaywa ulikhuni impela, nephalishi lawo limnandi.

2  
Imelika:- Lona umbila omukhulu unezinhlamvu ezinkulu kuneminye imbila. Kodwa lombila awusheshi ukuvuthwa, uyephuza; kanti futhi uyashesha ukuzwela ilanga, futhi ufuna indawo evundileyo. Lombila ufike na6o/a6amhlophe futhi. Ufuna umuntu awulungisele kahle ukuze ukhule uthele kahle futhi. Futhi ufuna ukuhlwayelwa ngesikhathi ukuze ulunge futhi. Uma umuntu ewudla awumnandi kakhulu, kodwa uma uwugaya ulungile; awulikhuni wona.

Ulwandlezekazane:- Lona umbila wabantu bawuthola olwandle njengoba negama liyazicaza. Kwathi ngendlala enkulu kamandlantule watholwa lombila. Unezinhlamvu ezincane, uyalimela futhi ilanga. Umnandi noma umuntu awudla, kodwa ulikhuni uma usugaywa.

3  
Unyanantathu:- Lombila nawo abantu bawuthola ngendlala enkulu kamandlantule. Lombila unezinhlamvu ezincane, u6omvu wona uqo6o lwawo. Uyashesha ukuwuthwa; abantu bavama ukwendulelisa ngawo. Lombila noma izulu libalele awusheshi ukulizwela ilanga, uyephuza ukufa. Umnandi uma udliwa, kodwa ulikhuni uma ugaywa.

Ubokide:- Lona umbila o6omvu onezinhlamvu ezinkulu. A6amhlophe bawulimela izinkomo ngo6a bethi ulungisa izisu uqeda izilo esiswini. Kodwa abantu bathi u6anga izisu ezi6uhlungu. Impuphu yawo abayithandisise kahle. Nawo-ke lombila wafika na6o a6amhlophe. Umnandi uma umuntu ewudla ifutho noma wosiwa.

Unyawothi:- Lona umbila othi kanti umnyama kodwa ube namabalana amhlophe.

846

K13/21

6afika

4 Lona ummbila wa6antu/nawo kuleli izwe. Umnandi kodwa impuphu yawo yimbi imnyama. Namasi enziwe ngamca6a walombila ma6i uma umuntu ewa6uka ngamehlo. Awulikhuni uma umuntu ewugaya. Lombila uyamila noma yikuphi, awusheshi uku6ulawa ilanga, uyashesha futhi ukuvuthwa.

Umnyamane:- Kukhona omunye ummbila omnyama yonke indawo. Nawo lona ummbila wa6antu. 6afika nawo lombila 6evela khona enhla nezwe. Lombila uyashesha ukuvuthwa, futhi umnandi uma umuntu ewudla; kanti nokudla kwawo kumnandi. Umila yonke indawo, ewukhethi izindawo. Nelanga uyalimela. Kodwa awusatholakali manjena.

Ama6ele.

5 Ama6ele nawo azinhlo6o ningi futhi awafani nango6umnandi 6awo.

Kukhona ama6ele a6omvu amade impela kakhulu; lana ama6ele a6antu a6amnyama 6a6enawo khona endulo. Ayakhula wona noma izululi6alele nezinyoni ziyawadla impela kakhulu, kodwa wona amndandi, enza notshwala o6umnandi impela; kanti nomdokwe wala ma6ele umnandi impela. Kuhlupha izinyoni ngo6a zifuna ukulindwa impela; ziya wathanda.

6 Ama6ele amhlophe:- Lana ama6ele afika na6elungu a6amhlophe kulelizwe. Nawo ayalimela ilanga kodwa wona mafushane kunalana a6omvu, anezikhwe6u ezinkulu kakhulu. / Izinyoni ziyawadla nawo, ayalindwa kuze zingawaqedi. Noma enziwa ukudla, amnandi; kanti notshwala 6awo 6umnandi uma 6enziwe kahle, kodwa a6ufani no6alana a6omvu. Noma umuntu egula, umpungo wawo unoesizo; uyincumbe ku6antwana. Uma esekhulile izingane ziyawalinda.

Uga6ane:- Kukhona uhlo6o lwama6ele olukhula ngoga6a kodwa wona a6e emafushane impela. Lama6ele izinyoni aziwathandisisi impela. Alukhuni, futhi noma umuntu ewenya awamili kahle. A6antu sengathi 6awathola uma 6ehla6evela enhla nezwe. Ayafumaniwa eduze nolwandle. Ayazimilela ensimini a6antu 6awathanda, ngo6a uma uwahlwayele kanye asayomila

7 njalo, bese uya ngokuyohlakula njena wena. Nemvula eningi awayithandi kakhulu. Otshwaleni kuthiwa ono6umnandi 6amaganu umuntu akayi qedi inde6e yotshwala 6awo. Uma uwadla ukudla kuthiwa aya songelisa esifwini. Uma umuntu ehudiswa isisu wadla umdokwe wawo, siyasongela.

Uphoko:- Nawo lama6ele a6antu 6awathola khona eduze nolwandle. Wona mancanyane anezikhwetshana ezincane, aluhlazana. Izinyoni ziyawadla impela kakhulu, afuna ukulindwa. Nawo afana naye uga6ane ngo6a anompungo omnandi, futhi ayasongelisa uma umuntu ehubeke. A6antu 6ayawathanda ngo6a anotshwala o6unandi nompungo umnandi.

8 Namankhonyane uma egula ayephuziswa/umdoko wophoko abese ayaphila.

Uyakayaka:- Lana ama6ele atholwa ngendlala enkulu, nawo atholwa khona ngasolwandle ngaCwe6eni. Lama6ele amayakayakane: Uma unganakile, ungathi utshani noma uthi imfe. Awafani namanye ama6ele. Izinyoni aziwadli lama6ele, alukhuni kakhulu; noma egaywa alukhuni futhi. Kodwa wona anotshwala o6unandi impela. Awandi lama6ele yingako a6antu 6ewayeka njena.

uLokwane:- Lama6ele mafushane, anezikhwebu. Izinyoni aziwathandi. A6antu 6ayawathanda, ngo6a asheshe avuthwe; futhi uma usheshe wawalima uwavuna, abuye athele ezinye izikhwebu masishane, uwavune ka6ili ngonyaka umunye. Utshwala 6awo 6umnandi kakhulu impela, a6antu a6avuki phansi. Noma li6alele, ayakhula lama6ele, kodwa wona mafishane afana noga6ane. Awamahle ekuthengiseni, ama6ele a6antu njena. Nawo futhi uwahlwayela kanye 6ese ayazimilela wona, umuntu aye ngokuyohlakula njena.

#### Amathanga.

Kunezinhlobo eziningi zamathanga.

Ithanga:- Akhona amathanga a6antu, kanti kukhona ezinye izinhlobo ezifike na6amhlophe. Amathanga lana a6antu 6awalima emazaleni eduzane nemizi ya6o. Amathanga awahlwayelwa umuntu onendoda ngo6a awanakwanda, futhi kuthi uma esehlanya angatheli lutho, imilisa yonke ife.

10 kuye kufuneke ahlwayelwe ingane, uma kukhona amawele ekhaya kunikwa wonauku6a athukuse izintanga. Uma sezihlanza ziyancizwa iwona amawele ukuze zithele kahle impela. Umuntu akavunyelwe ukuzeqa izintanga ngo6a zizokufa. Nezintombi umazivela emasokeni akuvunyelwe zizeqe izintanga. Amanye amnandi amathanga, aya ngokwendlulana. Uma esekhiwa kungena umuntu omdala ongahlangananga nendoda. Umfino wezintanga amadoda awayidli nesija6ane awasidli.

Amasolozzi:- Amasolozzi anesikhumba esilukhuni, kunamathanga avamisile uku6amnandi kunamathanga. Kulinywa ngendlela efanayo namathanga. A6antu sengathi 6awathathe kwa6amhlophe.

Umpampini:- Leli ithanga elifike na6amhlophe. Lincane kunethanga bangempela, kodwa 6amnandi 6ona kakhulu. Ngenda6a yokuhlwayela kuyafana njengo6a kwenziwa kulona ithanga. Nemikhu6a eyenziwa ethangeni nakumpampini kunjalo.

Ibece:- Amabece into yasendle, a6antu 6awathatha ehlane. A6antu 6awahlwayela emasimini, a6awahlwayeli emazaleni wona. 6awahlwayela kanye nommbila noma nama6ele. Noma lingani, amabece ayakhula wona.

12 A6antu 6ayawathanda ngo6a aqeda indlala ekhaya; noma li6alele okunye ukudla ku ngavumanga, wona ayaphumelela. Futhi aphilisa isisau; noma umuntu ezwa isisau singalungile udla wona. A6anye 6awenza umqwe6u, 6aweneke ezindlini ekuze 6awadle nasehlo6o. A6esilisa a6asidli isijingi sebece; sidliwa a6esifazane nezingane.

Amaswela: Amaswela ahlwayela emasimini njengalo ibece. Amanye ayakhula, a6antu benze ngawo izigubu namagula okwenza amasi. Iswela lidliwa liselincane. Uma eseqinile adliwa kancane; futhi awadliwa amadoda. Kodwa uma esemancane amnandi. Kuye kuthi uma kuphekwa ifutho 6esekufakwa nawo amaswela phakathi. Nawo ayalimela ilanga, nesisu asiphatha kahle futhi. Amaswela ukudla kwa6antu.

13 Ikhaf6e: Amakha6e afana namabece, kodwa wona amnandi kakhulu, adliwa luhlazanjena. Alinywa emasimini kanye nommbila

846

K13/21

nama6ele nokunye futhi. Ukudla kwa6antu loku6akhuthala emahlane a6antu. Ayakhula noma libalele njengawo amabece.

Izindumba:- Loku ukudla kwa6antu, a6antu 6akuthatha emahlathini. Izindumba zesintu azifani nezesilungu, zona zincanyane zinomququmbe. Kodwa isisu uma uzidlile si6a6uhlungu, yingako a6anye 6engazifuni izindumba. Zonake izindumba zimila noma libalele. Zilinywa emasimini.

Izindlu6u: Izindlu6u yikona ukudla kwa6antu nako 6akuthola khona ehlane njengazo izindlubu. Zona zifuna imvula elingene. Kuhlupha izinyamazane ezizidlayo, zona zinnandi. Kodwa uma zingavuthwanga umuntu ziyamcumbisa.

Ubontshisi:- Izinhlo6o zikabontshisi ziningi, kodwa ukudla <sup>ukufike</sup> ~~okufike~~ na6amhlophe; a6antu 6e6engawazi ubontshisi. Nawoke ubontshisi ulinywa emasimini njengazo izindlu6u. Umnandi kodwa uyaqumbisana uma ungaphekiwe kahle.

Uphisi:- Nophisi unhlo6o ziningi kodwa noko akukona ukudla a6antu a6akujwayele; kwafika na6o a6amhlophe kuleli. Nawoke ulinywa emasimini njengobontshisi; ulinywa nase6usika. Awufuni imvula eningi; uma ilingene uyeneliswa wona. Kuhlupha izinyoni ngo6a ziyawudla, ufuna ukulindwa njengama6ele. Umnandi uma umuntu ewudla.

Umo6a. Umo6a na6antu 6ayawazi; wawungafani nalona wa6a-mhlophe. Owa6antu wawumalunga mafushane; u6omvana wona. 6a6engawulimi, wawuzimilela wona. Ukuthi uyalinywa a6antu

6a6onele kwa6amhlophe. A6antu namhlanjena 6enza utshwala ngomo6a. Kodwa 6a6ewesa6a ngoku6angelana umkhuhlane. A6antu a6asenzansi a6awaziyo umo6a a6aseduze nolwandle.

Imfe:- Imfe ifana nama6ele kodwa yona iyadliwa innandi isidumbu sayo. Ngamazimba iyafana nama6ele. Ilinywa kanye nama6ele nommbila; ayilinywa yodwana. Ayivunwa, ivunelwa emlonyeni, 6esekugcinwa amazimba. Iyakhula noma imvula ingekho.

Amadumbe: Amadumbe inhlo6o enye yamazambane; noma kungafani kakhulu; kodwa kucishe kufane, ngo6a nawo athela nga phansi. Alinywa a6antu 6asenzansi eduze nolwandle.

Amacembe awo afana nendlebe yendlovu. Amadumbe ayalizonda ilanga afuna imvula. Uma uwabukisisa afana nenkomfe. Uma ungawazi ayakuqumbisa uGulawe nayisisu. Amnandi impela amadumbe. Yikhona kudla kwa Gantu nako loku.

Ubatata: Nawo uthela ngaphansi njengamadumbe namazambane. Nawo abantu bawuthola ezindaweni eziseduze nolwandle kuzindawo zasenzansi. Unhlobo mbili: Kukhona inyezane nempondo. Umnandi impela wombili, ulinywa amasimu.

17 Kodwa izinyamazane ziyawuphanda, ufuna ukuGiyelwa impela. Kodwa uma usuwudle kakhulu uGangelana isilungulela. NendaGa yelanga uyalimela wona noma kodwa ungatheli kakhulu.

Amantongomane:- Amantongomane ukudla kwaGelungu, Gaafuna amafutha kuwona. NaGantu Gayawalima njena ngoGa GeGona aGelungu. Nawo amantongomane afuna imvula ukuze athele kahle. Kodwa wona awazondi kakhulu. Kuhlupha izinyamazane eziwaphandayo.

18 Imbumbe:- Ilinywa emasimini njengezindumba. Yikhona kudla kumnandi kuGantu. NgoGa namasoka anikwa yona imbumbe uma evakashela izintombi. Imbumbe iyamila nasezindaweni ezomisile, noma liGalele. Nayo imbumbe iyaqumbisana uma umuntu eyidla kakhulu.

IklaGishi:- Loku ukudla okwafika naGamhlophe, aGantu Gengakwazi. Ngisho nanamhlanjena aGakakwazi ukulilima. Lona limnandi kodwa lithanda indawo enamanzi. Abanye abantu aGalidli nokulidla Galihlwayelela ukulithengisa. Naloke lihlobo ningi.

Ugwayi:- Abantu Gayawuthanda ukuwuhlwayela noma Genza izindawana ezincane Genzele ukuthola ukubema. Ugwayi Gehla nawo enhla lena phakathi nezwe ngoGa Bonke Gavele usukhona ugwayi.

19 Umnandi ugwayi uma Gewubema, wenza umuntu alulane noma enoGuthongo. Wenza nomqondo womuntu useGenze kahle impela, uma ewujwayele. Insimu kaGwayi ilinywa umuntu osemdala ongasazali abantwana. Uma umuntu esazala akavunyelwe ukuwulima, kuthi inzalo izomphelela. Kuyihlazo ukuGona umuntu omncane ephethe ugwayi noma ewulima. Umuntu wesifazane akwesweleki ukuGa esilule ansimini kaGwayi: ihlazo lelo, ngoGa noGwayi uyafa.

20

Insangu:- Lona umuthi wempi. Abantu bawuthatha emahlathini. Nawo umunti omdala kubantu ngo6a ububenywa uma kuhanjwa izimpi. Nawo uhlwayelwa abantu besilisa njengogwayi, kodwa wona awukhethi; noma insizwa njena iyawusebenzisa. Unemali eningi impela lomuthi. Abantu bathola izinkomo ngawo. Bawuhlwayela ezigcakini lapho ilanga lihla6a khona; uma seliyoshona ukuze ubemnandi. Kodwa insangu yenza ikhanda lomuntu lingalungi uma eyibema kakhulu. Namakhosi ayayithanda. Uhlobo lwayo iyadakana kakhulu. Ivunwa amadoda ngisho nanamhlanjena bayayilima ngokuyithukusa ezindaweni ezingahanjwa ngokwesaba uhulumeni, ngo6a akayifuni insangu.

Utamatifi:- Loku ukudla kwa6elungu kufike na6o kuleli izwe. Na6antu se6ewulima, kodwa ba6onela kwabamhlophe. Ufuna amanzi. Umnandi futhi.

21

Upelepele:- Loku ukudla kwamaIndians; ungafumanisa enye amafimu amakhulu kapelepele. Abantu sebeyawulima kancane njena. Bavama ukuwulima emakhaya emazaleni. Abanye sebayawusebenzisa, abanye badayisa ngawo. Wenza ukudla/<sup>kube</sup>mnandi.

Ichaladi: Loku kudla kwa6elungu, abantu ukudla ba6engakunongi bona. Kuthe uma sekufika a6amhlophe ba6e6e6ona na6o ukuthi kwenziwa njena, na6o abantu balihlwayela emazaleni a6o. Ichaladi lenza ukudla ku6e mnandi kunuke kahle futhi.

uAnyanisi:- Loku ukudla kwa6elungu, abantu ba6engakwazi. Nako lokudla kwenza ukudla ku6emnandi kunuke kahle futhi; ikakhulu inyama.

22

Udonga:- Lomuthi abantu bawuthatha emahlanzeni. Uyatshalwa ekhaya nasemasimini, futhi bayawuhlwayela. Umhloshane. Abantu yiwona muthi abawenza isishe6o lona, umnandi impela kakhulu.

Udali:- Lomuthi abantu bawuthatha ehlane. Kodwa manjena sebayawuhlwayela emazaleni. Uma umuntu engawuphekanga kahle uyamubulala lomuthi, wenza nesiso esibuhlungu. Abantu benza ngawo isishe6o uma bepheke noma iphalishi. Kuyinhlo6o kabontehisi uma umuntu eku6ukisisa.

23

Umondi:- ~~Lomuthi~~ Utholakala emahlanzeni; impande yalomuthi iyadliwa. Kuye kuthi uma umuntu ezwa ukuthi inhliziyoyakhe impande yawo. Uma futhi imnyama abese efuna wona umondi adle/uzwa ukuthi udle ukudla kwakuqumbisa udla wona umondi. Uyasiza ku bantu abanezisizwe ezimbi.

Umkhokha:- Lona umuthi wenhlanhla. Umuntu uthatha izimpande zawo enze umuthi wokuhlaza njalo ekuseni ukuze abenenhlanhla. Nasezintombini izinsizwa zisebenzisa wona lomuthi. Izinhlamvu abantu bazifaka esikhwameni semali ukuze bazuze enye imali eningi. Izinhlamvu zawo zifana nozibuthe.

24

Intelezi:- Utholakala ezindaweni ezizihosha ezinamanzi ezintabeni. Uyasiza kakhulu impela ngoza uvimbela umhlola ekhaya ukuza ungangeni. Kwakuthi noma kusolwa ekhaya ukuthi abathakathi bayangena bese kulandwa lomuthi kuzocelwa ngawo ekhaya uma sekulalwa. Kuthathwa izimpande namangxolo awo kusetshenzwa ngawo.

Umahedeni:- Umuthi omkhulu ku bantu abanemfuyo. Zithi uma zigula izinkomo, kuthathwe izimpande zalomuthi zigxotshwe, bese kufakwa amanzi isiphuziswa inkomo leyo. Lomuthi utholakala emahlanzeni nasezinkangala, ukhetha izindawo ezenile ezinamanzi futhi. Kanye namahlamvu alomuthi ayagxotshwa, bese ziyaphuziswa izinkomo.

25

Inhla6a:- Utholakala ezintabeni nasemahlanzeni. Kanti nasezinkangala uyamila ezintatshananeni. Abantu bayawukha lomuthi bawuhlwayele emizini yazo. Lomuthi kuthiwa uyisikhonkwane sokuvimbela izulu ekhaya. Kanti futhi abantu benza ngawo inhla6a uma begaya ugwayi ukuze ubemnandi. Futhi uma amahlathi engekho kuleyo ndawo yizona zinkuni zokubasa.

I6oza:- Izinyanga ziyawufuna ngoza iwona muthi omkhulu wokwelapha umkhuhlane. Utholakala emahlathini. Amakhulu awuvumi ukunila ezinkangala. Uma umuntu lowo ephethwe alomuthi umkhuhlane kugxotshwa amahlamvu abantu aphuziswe umuntu.

Isihlehle:- Lomuthi uyanda mafishane, umila noma yikuphi. ihlwanyelwe Kuvamiswe ukuza ~~ihlwanyelwe~~ emathuneni. / Unameva ahla6ayo. Muhle kakhulu uma uhlwayelwe emathuneni ngoza uyalivikela

26.



- 28 Umsululu:- Lomuthi wandile; uyasiza uma kuGujwa kuBiyelwa amasimu. Phela unameva wona, yiwona kuwucingo lwaBantu. Lomuthi uthanda kakhulu ukumila emahlanzeni, awuvamisanga ezinkangala.
- 29 Unnguma:- Lona umuthi ohlwayelwayo. Unhlobo ningi nawo, kukhona owaBantu neBamhlophe. Unezinduku ezilukhuni impela. Uyahlwayelwa kwenziwe ngawo uthango.
- Umuduzi:- Lomuthi iwona okhombisa aBantu ukuthi ihlobo selethwese manjena. Kuye kuBonwe ngoBa usuqhakaza imbali. Lomuthi uthanda uku mila ezindaweni eziphansi. Nasezinhangala uyamila, noma yikuphi. Kuye kuthi uma umuntu eguliswa ukuvu- vuka BaMuthoBe ngalomuthi. Uye umbiwe phansi ugxotshwe Bese kuthe lwa amanzi ashisayo kuwona, noma ufuthumezwe Bese uyathoba.
- 30 Ijikiolo:- Lomuthi uyathela uBe nezithelo ezidliwayo. Lomuthi uvama ukumila emahlanzeni nasezintabeni. Lomuthi futhi uyahlwanyelwa.
- 31 Amazwenda:- Lomuthi omunye futhi awenza amajoka ezinkabi kanye nemiphini yamakhuba okulima izinkabi. Nawo ufumaniswa khona ezintabeni nasemahlanzeni. Kodwa wona ulikhuni uma umuntu equbaza. Lomuthi kubazwa ngawo izithebe zokuphatha inyama. Uma umuntu ethi, "uzeneke njengamazwenda", usuke ekwethuka ethi uBukhali uthanda inyama.
- Umthongwane:- Lomuthi uyafumaniswa emahlanzeni. Awutholakali ezinkangala, uthanda indawo eshisayo. ABantu Bathatha izithelo zawo Genze amathongwane okufaka ugwayi ogayiweyo.
- 38 Isifithi:- Lomuthi muningi em<sup>a</sup>hlanzeni nasezintabeni. ABantu Babaza ngawo imphini yamazembe neyamageja okublakula.
- Umnyezane:- Lomuthi useduze nasolwandle. Uma umuntu efuna ukuhlwayela uye anqume amagatsha aqinileyo asenamehlo Bese uyawahlwayela lapho kunamanzi khona. Uyamila noma kuphi

38 cont. uma kukhona amanzi. Kwenziwa ngawo amaqoma. KwaZulu uma insizwa ihlabene empini yayifaka umgeko womnyezane. Kwaku6a iziqu zakho umuntu lezo. Wawusikwa wenziwe izinganyane izincane.

40 Impunyu:- Lomuthi umila noma yikuphi, abantu bayawukha bazowuhlwayela emakhaya. Phela lomuthi uyintelezi uma izulu lizake6i ekhaya. Uma umuntu ehlanza ngawo uvama ukuphumelela nasesingozini.

42 Umhlakuva:- Lomuthi unosizo olukhulu, nawo ufumaniswa ehlanzeni. Abantu baye bayumbe bazowuhlwayela ngasekhaya, nezinhlamvu zawo ziyahlwayelwa. Uvamide ukumila noma kukuphi. Izinhlamvu zalomuthi kuhlikihlwa ngazo imisendo yezidwaba.

43 UGagane:- Lomuthi ubiyela amasimu. Unameva. Nemizi yabanunyane ibiyelwe ngalo ugagane. Kuye kuthathwe imbewu yalo ihlwanyelwe, geselumila ku6e ucingo. Nenkomo ingelweqe nomuntu imbala uma selukhule kahle angelweqe. Izintunga zalomuthi kazidliwa umuhlwa, nezikhonkwane zivama ukwenziwa ngawo lomuthi ngaba awudliwe umuhlwa. Lomuthi usemahlathini lapho uthathwa khona. Uya mila nasezinkangala.

44 Umdoni:- Nawo umuthi wehlanze. Uyadliwa, unezithelo ezimunandi kakhulu. Uma umuntu ethi kumdoni, uthi kumnandi kakhulu. Nalo leligama ukuthi kamtoti liphuma kuleli umdoni. Futhi lomuthi uthandwa izinyoka kakhulu, izimamba ziyawudla nazo. Lomuthi umila phezu komfula emanzini. Futhi kuya6azwa ngalomuthi imortar zokushaya isithambu. Nemigamelo iyenziwa ngawo lomuthi.

49 Umkhovothi:- Nawo lomuthi awutholakali kalula, utholwa emahlathini ezinta6eni. Abantu bayawuhambela. Yiwona muthi omuhle futhi uma umuntu enza amajoko namakhu6a, imphini yamakhu6a.

55 Umhlanga:- Wakha izindlu, uyazifulela. KwaDlangezwa wakha izingobo namagehle.

56 Ilala:- Leluka amahluzo, lenze obasikidi abahle futhi abaqinile nezimbenge ezinhle.

57 Ingcobesi:- Yenza izithebe namavovo. Imila endaweni yasenhla emaxhaphozini.

Inqongolwana:- Lobutshani Guthanda ezindaweni ezivundile. Guwukhula olubi olunezigaxana ngaphansi ezimpandeni.

58 Isona:- Ukhula olubi kabi, lububisa/umbila luwenze ungakhuli, futhi ungatheli.

58 Ucadolo:- Ukhula olunembewu eyanda yonke insimu. Ivuthululwa umoya k besiyihlwanyeleka yonke indawo. Ucadolo uyimifino uma usemncane. Uma sewu zoqhakaza imbali kuze kufike isikhathi sembewu uyasiza udaya umbala ocishe uGeliphuzi kodwa ojiyajiyile.

Umthithimbili:- Uwukhula futhi nawo. Ukhula uqhakaze izimbali eziyiphuzi.

Ugethu:- Lobutshani abukhethi. Gumila noma kuyiphi indawo. Gu6i kabi uma Gusensimini Guvimbela ukudla uku6a kukhule ngezimpande zabo ezenaba kakhulu.

Idangabane:- Ukhula olubi lolu. Uma uluhlakule walishiya enzimini lomila noma kanjani. Alubi lona noma unga li6eka inqwaba ndawonye luvele lumile. Kubangocono uluhlakule ulususe ensimini. Iziingulu6e ziyalidla kakhulu.

Izikhathi sokulima.

Izinkanyezi:- Kunezinkanyezi ezikhombisayo ukuthi manjena sekuyiso isikhathi sokulima. Kuye kuBonakale ngesilimela ukuthi manjena sekufanele kulinywe. Uma sesiphumile isilimela kuye kwaziwe ukuthi makulinywe. Sinyamalala uma sekuqanda.

Izinyoni:- Kunezinyoni ezingabonwa ebusika ezivama ukuBonwa uma selethwasa ihlobo. Ziningi lezizinyoni:- umqothoviyi, izinkonjane, nenkanku. Umqothoviyi izinyoni ezinde, zimnyama ezimpikweni, zimhlophe ngezisila. Izinkonjane izinyoni ezimnyamana zakhela izindlu zazo ezindlini nasezindoneni. Uma sekumakhaza ziyemuka kuleli njengawo umqothoviyi ziCuye uma selethwasa. Izinkonjane ziyephuza ngoBa ziBonakala selethwase. Inkanku idla amacimbi iyaye ikhele uma selethwasa. IziBongo/zayo nazi:

Nkanku, gagci ngokuzisisela,

Malusi wezintandane,

Mvusi wezintandane,

Madla ezinonile,

Nkanku m6iki wokusa.

Uma ike yakhala aBantu Bonke Bayazi ukuthi ihlobo selethwase. Namacimbi asuke eee hona kodwa esemancane. Okunye kuBonakala ngokuzalela kwezinyoni.

Izihlahla:- Kunezihlahla ezivama ukuBonakala sezizakaza nemithi njengomduze neziphephane, nemikhamba uma isinezimbali, aBantu Bazokwazi ukuthi ihlobo selethwase. Kunezinye izithelo njengomapentshisi nemiqandane nomsilinge. Ziningi ezinye izihlahla ezizakaza uma lethwasa ihlobo. Noma izulu lingani ziyazakaza i-ihlahla. Notshani Guqale ukuhluma GuBeluhlaza noma lingani.

Ilanga:- Ilanga nalo lalikhombisa ukuthi ihlobo seliyethwasa uma seliphindela ngaseningizimu uma liphuma noma lishona. Uma liya ngasenyakatho lisuke lisho uBusika. Izithunzi zilingane nomuntu uma sekusemini, zin. a6ikho eceleni; uma sekwethwasa ihlobo ziBa-seceleni, nelanga liyagudluka liye ngaseningizimu, lihambe iBanga elinde ~~ezingzi~~ ukhanda lishone. Nokuhlaca kwelanga uma seliphuma kuya-6atshena ukuthi manjena seliyethwasa ihlobo.

Izinyanga:- Abanye ka Ba666ala izinyanga Ba6ale ugebezi lolu oluphezulu ukuthi manjena seyethwase inyanga. Uku6ala kwa6o ukuqopha uthunga lwendlu

63

ngenyanga elandelayo Gasike futhi uthunga lwendlu kuze kufike enyangeni yeshumi nambili kusukela kuyena uAugust. Phela a bantu abangazazi izinyanga njengo ba abelungu bezi bala. Kwaku balwa ugebezi lolu oluphezulu. Noma umuntu wesifazane ekhulelwe ku balwe lona.

f. Izulu: Ngendaba yemvula, kwakuye kuthi uma izulu like lezwakala liduma Gese kuphunywa kuyiwa emasimini. Kwebinye isikhathi lisheshe ukuduma kanti akuka bi yiso isikhathi kodwa baphume ngo ba selidumile. Noma lingananga kakhulu kodwa wonke umuntu usezo kwazi ukuthi selethwese ihlobo, kuhle a bantu baphume. Abanye njalo balungiselele ukulima, balungise imbewu ya bo nokunye kokulima amageja. Kuyakuthi lingaphinda, Gese kuya hlwanyelwa emasimini.

64.

Izinyanga ngesizulu yilezi:-

1. Undasa -- Inyanga yokulima, kuhlakulwe.
2. Umbasa -- Inyanga yokuhlakula.
3. Unhla ba -- Inyanga yokwendla.
4. Unhlangula -- Inyanga yokwendla nokuvuna.
5. Umaqhuba -- Kuyavunwa, kuyabulwa.
6. Uncwaba -- Inyanga yokubula.
7. Umandulo -- Kuyaheshwa, kulunywe.
8. Umfumu -- Kuyaheshwa kulunywe.
9. Uzibandlela -- Kuyalinywa.
10. Umasingana -- Kuyalinywa kuhlakulwe.
11. Ulwezi -- Kuyalinywa kuhlakulwe.
12. Ungcela -- Kuyalinywa kuhlakulwe.

65

Amasimu a bantu.

A bantu akuyona into abayinakisise kakhulu ukulima. Kwaku ba umsebenzi wamakhosikazi lona. Amadoda wona ayelungisa izikhali zempi, nawukulwa izimpi nokuzingela izinyamazane, nokuya komkhulu kuzekwe izinda ba zokulungisa izwe ne zempi. Namasimu kwaku ba into encane njena. Kungcono namhlanjena se belima amasinyana. Kuqala kwaku ba izife ezincane. Kwakulinywa ngemikhono nanamhlanjena asalima amakhosikazi ngemikhono izife

Lezizife zingasendaweni yaloyo olimayo. Izife zakwakhe <sup>ziba nganhlanye.</sup> ~~zifangabanye.~~  
 Zivama uku6a seduze nasekhaya noma kokunye zi6a kude ngokulandela  
 indawo yokulima. Kodwa akuvamile uku6a lamasimu a6ekude nasekhaya;  
 66 ku6a yi6angana/njena elilingene uku6a izinkomo zikwazi ukuphuma,  
 noku6a zithole indawo yokudla. Akulinywa enkundleni nasekhaya  
 ngo6a kudonsa izinkomo. Into ehlwayelwa ekhaya amathanga.  
 Umbila wawungahlwayelwa ekhaya njengo6a sekwenziwa manjena.  
 Kunokudla okulinywa ekhaya nokulinywa ehlane.

Lamasimu 6awanikwa umnimumuzi. Umnimumuzi unikwa  
 induna umhla6a; induna yona inikwa umnumzane isifunda sokwakha  
 a6antu 6ayo; umnumzane yena anikwe inkosi isifunda esikhulu  
 sa6antu 6akhe. Kuye kume kanjena inkosi izwe layo lonke;  
 isizola6ela a6amnumzane 6ayo kahle njengo6uningi 6a6o ngomundeni  
 a6akwaNgco6o  
 67 wa6o: ~~a6akwaNgco6o~~ 6odwa nomnumzane wa6o wakwaNgco6o, a6akwaZulu  
 6odwa nomnumzane wa6o kuzakuthi a6anumzane 6ese6e6eka izinduna  
 za6o 6azinike nendawo elingene no6uningi 6a6antu 6ayo. Loku  
 kuhlelwa ngemindeneni. Naye umnumzane u6a6ela ezweni alinikwa  
 inkosi. Kuzakuthi nayo induna inike abanimumuzi umhla6a  
 olingene nemindeneni ya6o. Kuzakuthi umnimumuzi usa6ela umuzi  
 wakhe amasimu. Amasimu a6iwa ngezindlu. Uma umnimumuzi  
 ena6afazi a6athathu uza6a6ela 6onke aqale ngenkosikazi aze  
 agcine ngomncane wokugcina umfazi.

68 Umuntu unikwa umhla6a ollingene nomdeni wakhe. Umfazi  
 unikwa insimu i6enye, akanikwa amasimu amaningi. Uma kuwumfazi  
 okhuthela usezolimisa kwa6anye ozakwa6o 6ese6emupha iziqe6etho  
 uma sekuvunjiwe. Intombazane yayinganikwa umhla6a, yayisiza  
 unina uma sekulinywa. Kuyakuthi uma sigane 6ese ithola insumu  
 yayo. Umnimumuzi walapho igana khona uzoyi6onela insimu. Uma  
 ukuthi umhla6a usumuphelele uzokuya enduneni uku6a imandisele  
 nezinduna iye kumnumzane. Akanikwa umuntu uma esewumakoti  
 uze athole ingane kuqala. Uma esemncane ulima kwa6o.

Ukutshintsha umhla6a into engavamile ku6antu. Kodwa  
 uma omunye e6ona ukuthi insimu yakhe iseduze komunye naye  
 eyakhe ikude naye, 6a6eshintshana kwenziwe a6animumuzi. Nayo  
 induna izakwaziwa ngalolu ndaba, kwenze lwa ukuzi a6antu  
 bangaxabani, bakwazi nokulamuleke uma sekuvela ukuxabana.

69

Uma sekulinyiwe kwavunwa ukudla okumnumzane ngisho umnininimuzi, owesifazane ugcina ngako ukukulima akulungise. Akakwazi ukukuthengisa. Noma ephana ngako, uyayacele kumnininimuzi uku6a amuvumele. Noma ethekelisa, imvume uyithatha kumnininimuzi. Umnininimuzi unamandla ukwenza noma yikuphi akuthandayo ngemvume yomuzi wakhe. Uma kwenziwa utshwala uyaziswa umnininimuzi. Noma sekuphelile ukudla ezinqolobaneni nasezingungwini uyatshenwa. Uma enamandla usezoshaya inkomo ayokuthenga, uma enganawo amandla a6esifazane sebezophuma bayokwethekela ezihlotsheni za6o.

70

Uma umnininimuzi engasekho kuzakuthi inkosana yakhe eyona iyindlalifa lakhe 6ese ku6a yiyo/ elungisa zonke izinda6a zomuzi kayise. Nendawo leyo ekade inikwe uyise isibasojwa iyona leyo ~~xxxxxxxxxxxxxxx~~ inkosana. Uma ukuthi insencane oyisekazi a6anye bayayilungisela izinda6a ize ikhule i6enkulu. Uma ukuthi inkosana ayiyizalanga lendoda inamantombazane kuphela, umuzi usuthathwa a6afowa6o. Nomhla6a lowo usuthathwa uyena umfowa6o. Na6antwana usezo6a basoba a6akhulise ngalempahla kayise. Useyawangena namakhosikazi omfowa6o. Uma ingatholakalanga njalo indodana kulowo muzi u6ukhosi se6uthathwa amakhosana omfowa6o uma naye engasekho. Intombazana ayikwazi uku6a indlalifa lomuzi. Noma umuzi usububile kuye kufunwe umuntu oyisihlo6o segazi lalowo muzi ku6e uyena oba6oba umuzi lowo.

71

Izwe alikwazi uku6a lingathathwa enkosini ngaphandle kokulikhokhela. Izwe ela6antu; inkosi ayinalo izwe. A6antu bayalise6enzela ngokukhonza inkosi ngokuyilwela izimbi nokuyise6enzela. Uma kukhona ofuna izwe lelo inkosi iye i6ize isizwe sayo esakhele lelo lizwe ikhulume na6o, yi6ona a6azovuma noma bayala nezwe lelo. Nayo inkosi ayinawo amandla ukuxosha umuntu ngaphandle kwesizathu esi6onwe i6andla. Uma umuntu enesiphosiso siyakhulunywa 6ese uyaxoshwa. Uma i6andla limuvikela lowo muntu inkosi yayingamuxoshi. Uma umuntu enesiphosiso wayexoshwa lithathwe izwe leli linikwe a6anye ngaphandle kwemali. Kwakwenzeka uku6a a6anye bayaxoshwe kodwa kungavamile.

72

Umuntu akatholi lutho ngendawo a6eyakhele uma esexoshwa. Uma umuntu eseyakhele leyondawo unamandla okuyise6enzisa.

Sekuyindawo yenduna uma ayinikwa iyona. Uma ayinikwa umnumzane isithathwa uyena umnumzane. [Uma ehamba engabikanga iyamulahlekela indawo leyo noma ithathwe abaku6o noma isikhulu siyinike abanye. Umuntu indawo eyakhe ngoba asakhe kuyona. Yilowo nayilowo muntu unendawo yakhe ayisebenzisayo akakwazi ukusebenzisa indawo yomunye umuntu ngaphandle kwemvume yalowo eyanikwa yena uku6a makayisebenzise. Noma indawo engayisebensisi uma anikwa yona unamandla ukwala nayo kwa6anye uma beyifuna. Uma ethanda anga6e6oleka abuye ayithathe futhi uma eseyifuna naye. Nesikhulu uma siyifuna leyo indawo ngoku6ona ukuthi ihleli njena ayisetshenziswa muntu siyokhuluma nayilowo omaqondana nayo. Uma engafuni 6ese siyamutshentshela ngomunye umhla6athi.

Indawo uma ukuthi kade isithathwe nga6anye kodwa kwaziwa ukuthi eka6ani usezomangala umniniyo ukuze ayithole. Uma umthetho umvumela useyithathe futhi leyondawo. Unawo amandla umuntu ukuthola umhla6athi wakhe uma umthetho umvemela. Kodwa uma umthetho ungamvumeli akakwazi ukuyithola futhi. Umuntu akakwazi ukuphisana ngomhla6a wenkosi, ange6olekileana ngawo abuye awuthathe futhi. Akakwazi futhi umuntu ukudikila umhla6a ngo6a angathola icala kwa6akhulu. Kuyesatshwa ngo6a 6angawufuna kulowo owanikwayo. Awukwazi ukuphela abakhulu. Noma umnumzane ekunika utshwala awukwazi ukupha abantu 6onke abasendlini. Ungamuphuzisa lowo othile kodwa unga6aphuzisi 6onke. Uma wenze njalo unecala. Umuntu angayishiya indawo uma mhlawumbe 6e6ulalana, afune enye kwesinye isikhulu. Uma futhi eyisola leyondawo uyayishiya afune enye indawo engcono kuna leyo.

Mthe  
methods  
75

Indawo enhle abantu bayibona ngoku6anokudla kanye notshani 6empahla, uma futhi/inamanzi. Phela into abayikhonzile abantu utshwala uku6a kutholwe ukudla emasimini ama6ele amaningi, 6esekuyaphiswa kuya phuzwa kuya6uswa, nezinkomo uma zesutha zinedlelo elinotshani. Uma indawo ingenako ukudla inesona kusuke kuyindawo embi. Uma ingena6o utshani namanzi kusuke kungeyona indawo enhle futhi leyo. Umuntu akaqali aye ezangomeni; uyazi6onela yena ukuthi indawo injani, na6anye 6amutshene ukuthi indawo embi lena, uma iyindle bayamutshena na6anye.



Ikakhulu a bantu bayatshenana noma indawo yimbi noma yinhle. Omunye uyayishiya indawo yakhe aye kwenye ngokuzwa ngabanye uma bethi yimbilena akuyo, kukhona ennhle kunayo. Noma engayibonile ukholwa umlomo wabanye.

76

Uma umuntu efuna indawo yokwakha uqala ngokuhlola indawo.

Indawo yokulima, owesifazane uyibukelwa umyeni wakhe. Noma umninimuzi. Akazenzeli yena. Phela kukhona nendawo yokuhamba izinkomo nezimbuzi uma ziya ehlane. Akufanele uku ba lendawo ingavaleka. Uyena umninimuzi ozonquma indawo yamasimu. Kuye kukhethwe indawo ephansi noma esesihosheni, abanye phekompila uma useduzane. Indawo yezintaba namaqele iyidlelo lezinkomo. Kokunye induna iyona ihlela indawo yamasimu. Uma indawo isikhethiwe akuvunyelwe uku ba kubekhona olima lapho. Njengo ba abantu bavama ukulima emahlanzeni izindawo za bo/zomile, kuthi uma belima baye phezu komfula. Kuleli lalapha balime phezu koMlalathuze. Noma abanye belime khona emathafeni kodwa ezihosheni, kulezindawo ezinjalo balima ummbila. Ama bele oma bawalima noma ezindawo eziphakeme ngo ba ayalimela ilanga, a asheshi ukulizwela ilanga. Umfino yinto efike na bamhlophe, abantu edulo babengayinakile bengenayo. Izintanga bezitshalwa khona ezifeni zombila phezu komfula.

77

Ugwayi kwakuyinto abayazisa kakhulu abantu beyilima futhi. Phela na bo abantu babewazi umhlabathi olungelene nezinhlobo zokudla.

Ugadenzima:- Lona umhlabathi owaziswa ngokunotha futhi uvumelana nezilimo eziningi. Umuntu uma ethole indawo/enjenga lena wayeja bula bese uyalungisela ukulima.

78

Ihlabathi:- Uma ethole indawo enehlabathi wayazi ukuthi kuswelekele alime ubatata, amadumbe, izindlubu namantongomane nezinye izithelo ezinjengalezi.

Idudusi:- Uma indawo lidudusi umuntu ubelima ummbila nobatata, namantongomane, namazambane kodwa kuvuma kahle uma izulu lina.

Umkhumbano: Umhlabathi omubi lona, wawuvama ukuyekelelwa izinkomo, ku6e yidlelo lempahla.

78

Ibumba:- Lomhlabathi ba6engawulimi kakhulu ngo6a 6ewazi ukuthi awulungile wona ekudleni. Lomhlabathi wenza izimpiso nezindiwo. nezinkamba nemkhele.

79

Isibuda:- Lomhlabathi awunakudla futhi. A6antu ba6ewu- se6enzisa ekuwubecweni ezinhloko nase6usweni uma umuntu equ6ukile. A6esifazane 6awuthanda kakhulu ukuwuse6enzisa ekhanda.

I6omvu:- Nawo lona umhlabathi awulungele ukulima. Ulungele ukugco6a izingane, kakhulu uma ziphethwe yisimungumungwane. Nezangoma zisigco6a, emzimbeni.

Isiduli:- Nomhlabathi oyisiduli awulungele ukulima. A6antu ba6egandaya ngawo izindlu.

Umcaho:- A6antu ba6ewuvunula ngawo 6awugcobe ezithweni futhi 6awuhuqe ezindongeni zezindlu ngaphakathi nangaphandle. Umcaho ukhona owa6antu nowa 6elungu uwodwa a6afike nawo.

6a6eyazi yonke lemihlabathi nelungile nengalungile.

Imizi yaabantu yayakha emaceleni kodwa abantu babengalungisi umhlabaathi babuhlele kahle njengoaba abamhlophe benza, nanjengoaba sebekwenza nabo abamnyama namhlanjena. Kwakusimuze kumiswe umuzi njena, nemgwaqo yayingekho namaaba, kwakubasemahlathini njena. Nowayelinono wayecentacenta njena kodwa kungafani njengoaba sekunjalo manjena. Namasimu kwakusimuze kulinywe njena khona emaqeleni inkani ~~XXXX~~ <sup>uma</sup> kuheshiwe kuphela.

81 Ukuthelela amasimu umkhuba yabamhlophe, abantu babengakwazi loku. Kwakuthi noma izindawo zibamele kahle/ukuaba bangathelela amasimu abo babele bangakwenzi bona. Kwenziwa ngoaba ukulima loku kwakuwumsebenzi wamakhosikazi.

Uma kulungiselelwa isiza kuye kwenziwe utshwala kumenywe amadoda nezinsizwa zizohesha. Uma kungelona ilima lotshwala ku be elenyama. Kuyakuthi uma befika laba abantu besebeya khona kuleyondawo bayohesha. Uma kubonakala ukuthi kwenile kakhulu kuqalwe ngokubabela, ngemva sekuheshwa. Nako ukubabela kwenziwa amadoda uma owesifazane engena bo utshwala uyayazihehele uma izolima lapho kuleyondawo.

82 Kodwa isiza sikhonjwa unnumzane wekhaya besebezihehela abesifazane. Kwakuheshwa ngaso isikhathi sokulima kubuye kulinywe khona lapho. Kwakungalungiselelwa njengoaba namhlanjena kwenziwa. Bekuthi lingethwasa abantu baphume bayohesha besebelima khona kusenjalo. Futhi phela kwakungewona amasimu amakhulu, kwakuba izingadana ezincane njena. Uma esewaheshile ama6i6i usewabeka ndawonye athi angoma usewahisa.

83

Ukuqatha yinto engaziwa abantu abamnyama, lento lena ifike nabamhlophe. Kokunye/kwakugxitsulwa uma ukuthi akwenile kakhulu. Kodwa phezu kwakho loku, umbila nokunye ukudla abakulimile, ukudla kwakut<sup>n</sup>lakala. Nako ukulima kwakusimuze kufulelwe umbila uku<sup>6</sup>a uthole ithunzi Gese uyaqhuma. Uma usuqhuma uphume kanye nokhula kodwa bathi Gangalihlakula ukhule umbila. Kokunye umuntu alime ngelima noma ehlakula ahlakule ngalo ilima.

84

Amasimu kuwumthetho wabantu ukuwa<sup>6</sup>iyela. Uma engabiyelwe izinkomo nezimbuzi kungawadla. Uma ku<sup>6</sup>iywa kwenziwa ilima lotshwala, imvama. Uma kungenjalo kwenziwe elenyama. Abanye Gayagaula,/abanye Gaya<sup>6</sup>iya. Ku<sup>6</sup>iywa ngezihlahla ezinameva ezinjengothathawe neminye imithi yehlanze. Abanye Gathatha lona uthathawe Ga<sup>6</sup>iy<sup>e</sup> ngalo Galuhlwayele li<sup>6</sup>e ucingo. Umsebenzi woku<sup>6</sup>iya wenziwa amadoda kanti nabesifazane uma Gekhuthela Gayazi<sup>6</sup>iyela uma Gehluleka ukwenza amalima.

Kuyakuthi uma sekuyisikhathi sezinkomo/<sup>zi</sup>dla amahlanga Gese umuntu uvula izintu<sup>6</sup>a zokungena izinkomo uma esevunile waqeda. Uma aluhlwayela uthathawe usezohesha isango lezinkomo. Kwenye indawo ziyazivulela izinkomo Geseku<sup>6</sup>buye ku<sup>6</sup>iywa uma sekulinyiwe.

85

Uma sekuzawuhlwayelwa kuthathwa imbewu yelashwe ukuze ukudla kwande. Yelashwa ngamafutha omuntu omnyama ka<sup>k</sup>hulu. Uma umuntu engemnyama ukudla kuyonakala, kuphenduke ku<sup>6</sup>e Gomvana; yingako kufunwa amafutha omuntu omnyama. Loku kwenziwa izinyanga ezaziwayo. Kuyinto enkulu ku<sup>6</sup>antu ukwelapha imbewu. Nawo uyelashwa kuye kucashunwe umhla<sup>6</sup>bathi wensimu/umhla<sup>6</sup>bathi olingene kuleyo msimu usetshenzwe.

86

Yingako abadala Gethi umuntu anga<sup>6</sup>ochama ensimini ngo<sup>6</sup>a Gangayi<sup>6</sup>ulala Gese /naye lowo ochame laho useyafa anga<sup>6</sup>e asayithola inzalo. Nanaphandle kwenzalo avelelwe okunye ukufa. Loku kwenziwa uma insimu isizo<sup>6</sup> linywa. Kuye ku<sup>6</sup>ethelwe uma ukudla sekuphumile ukuze abathakathi Gangaphumeleli ukuku<sup>6</sup>ulala, nezulu ukuze lingakulimazi.

Ukulala kwefusi yinto abantu ababengayinakile kakhulu.

Ukuthi imoncedo yini. Uma insimu ingaseni ukudla Ga<sup>6</sup>iyela njalo Gangaphindi Gayilime, Galime kwezinye izindawo.

Uma lilalile ifusi kwaku6a yingoze njena, mhla umbe  
omunye aswele imbewu yokulima, omunye ~~xxxxxx~~ ashoye isikhathi.

87 Uma kuhlwayelwa kwakungakhethwa, futhi izilimo zazingashintshwa,  
kwakuhlwayelwa inhlo6o yinye njalo ensimini yinye. Yingako kwakukhona  
insimu yama6ele yodwa neyoumbila i6eyodwa. Kwakungaziwa  
ukuthi kuwelekile ukutshintshanisa izilimo. Futhi kwaku6a  
umthetho wezinganga ezelaphayo ukuthi lensimu yelashelwe ummbila  
ingahlwayelwa okunye futhi.

Izinhlo6o zezilimo a6antu 6a6engenazo njengo6a se6enazo  
namhlanjena. Futhi kwakuhlwayelwa uhlo6o lunye ensimini.  
Kwakwenzeka uku6a kushintshaniswe ummbila nama6ele  
88 6ese6ecamanga ukuthi kulungile loko.

#### Imbewu.

Imbewu kwakuthi uma kuvunwa imbewu ikhethwe 6ese  
ilengiswa phezulu ngamakhasi ayo. Uma kungama6ele enziwe  
isithungana aphanyekwe khona endlini. Kuyakuthi uma  
sekuhlwayelwa 6ese ku6a yikhona ibulwayo. Uma kuwummbila  
ku6e yikhona uhululwa. Izintanga zona kwakukhethwa ~~xxxxxx~~ ezethanga  
elimunandi. Uma lili6i zazilahla lezo zintanga. Nasemfeni  
kwakwenziwa kanjalo, kukhethwe imfe unandi.

89 Lembewu yayingafakwa engungwini ngo6a iyakhuntisa  
ingungu. Futhi imbewu yayingafakwa ezilulwini. Imbewu iya6oshwa  
yenziwe izithungwana. ukuze iphanyekwe kahle phezulu ifuthwe nge-  
ntuthu ikhona ingezi ukuphehlwa. Yayi6alekiselwa nembovane.  
A6anye 6ayayi6eka ezinqolobaneni. Kwakufakwa umlotha ukuze  
ingaphehlwa noma idlive. Kuyakuthi uma sekuhlwayelwa ku6e yikhona  
yethulwayo 6ese iyabulwa. Izinhlamvu zazingakhethwa ngo6a  
nezasekugcineni  
~~xxxxxx~~ kwehleza zazibulwa njena.

90 Imbewu iyelashwa ukuze icume ensimini . Kuyekuthathwe  
amafutha egubandlela, kakhulu uma umuntu emnyama, besekuthakwa  
nenhlwanyelo, ~~kanemanyo~~ kunomunye umuthi/usandanezwe othakwa nalamafutha  
egubandlela. A6anye 6aye 6ayithake nesihla6athi sasolwandle ukuze  
yande. Kodwa amafutha omuntu omnyama aphambili. Nanamhlanjena  
6asakwenza a6antu kodwa akusavamile ngo6a a6antu a6asatholakali.

s846

uHulumeni akavumi uku6a kubulawe abantu ngo6ala.

Ukugcinwa kwembewu kuyekuthi ngesikhathi uma kuvunwa abantu imbewu bayikhethe bayibeke yodwana. Ivama uku6oshwa izithungwana uma kungama6ele, uma kuwumbila u6oshwa ngamakhasi awo wenziwe izithungo ezilingeneyo. Uma ukuthi yimfe isikwa amazimba/6ese  
 91. ehlonywa endlini, abanye bayenza zona izithungwana njengama6ele. Kuyakuthi uma isivuniwe 6ese ihlonywa phezulu endlini noma endlini oku6aswa kuyona ukuze ingaphehlwa. Uma kungenjalo ibekwe kuzo izinqolo6ane iyizona izithungo njalo. Phela kuthiwa uma uyibulile iyashesha ukonakala kanti uma ingabulwanga iyephuza ukonakala. Kuyakuthi uma sekuhlwayelwa 6ese ibulwa. Izintanga zona ziyakhethwa uma kuphekwa. 6ese ziyomiswa ngemuva seziyagcinwa noma ngodiywana olungelutho njena.

Umuthi wokwelapha imbewu muningi. Abanye bayilungisa  
 92. ngomuntu omnyama, abanye bayixuba nesihlabathi sasolwandle uma sekuzohlwayelwa. Abanye bayayishunqisela nesandawe ukuze yande. Kuthi nomlotha waso uxutshwe nembewu. Umuntu owelapha imbewu uthola izinkomo. Uma kungeyona inkomo imbuzi noma ukudla. Uma sekuvunwa emasimini kubalwa izihlelo zokudla. Kodwa uma umuntu ephethe amafutha egubandlela uhola inkomo ngo6a umuthi ophambili lowo. Uma kwelashwa inhlwayelo umuntu onjengowesifazane akavunyelwe, futhi nendoda ayivunyelwe uku6onana nowesifazane ngalezo zinsuku. Umfelokazi akendluli lapho nasemasimini akavunyelwe ukuya khona.

93.

Ukuhlwayela.

Ukuze kuhlwayelwe abantu bonke baliqdela uku6a inhlwayelo yelashwe kuqala. Kuzwakala komkhulu ukuthi inyanga yama6ele isifikile sekuyisikhathi sokuhlwayela manjena. Wonke umuntu usezolungisa imbewu yakhe. Kuzakuthi ngemvula yokuqala abantu baphume bayolima amasimu a6o. Abanye ku6e yikhona belungisa imbewu abaphumi kanye-kanye, baphuma ngokushiyana njalo. Izwi lisuke selaphuma komkhulu. Akuphunywa uma izwi lingakaphumi komkhulu. Yi6ona abahambelana nezinyanga ezelapha izulu, nembewu ya6antu. Akuvunyelwe ukuphambana

94. nomthetho wezinyanga ngo6a ukudla kungonakala.

Uma sekuhlwayelwa akukhethelwe ukuthi umhlabathi ungaqathwa, kusimuze kufulelelwe njena kungalimekile kahle. Kwenziwa njengo6a umuntu esuke ehla. Abanye bayagxibula bafake imbewu otshanini njena, bazi ukuthi bayohlakula uma sekuphumile.

Umuntu uyaye afaze bese uyahlakula afulelele ummbila noma amabele. Izintanga zona bayazithukusa lapho sekulinywe khona. Nemfe futhi bayibulela phezulu lapho kulinywe khona. Kwenziwa

95. umuntu engakahlakuli. Noma usuhlakula uma kungamilanga kahle umuntu uyafaza ahlakule. Uma kufazwa kwenziwa ngesandla. Kuyathontiselwa nangomlomo. Kodwa kwenziwa uma umuntu egxibula ehambe emba imigodi.

Amakhuba okulima awezandla, lamakhuba enziwa abanye abantu; kuwumsebenzi onzima ukwenza inkubazane. Kwakubiza imali uma umuntu eyifuna inkubazane. Njengo6a imali ifike nabamhlophe kwakuholelwana ngezimbuzi kanye nezimvu nokunye njengezikhumba zezinyamazane.

Abanye babengenayo inkubazane. Kwakuthathwa izingodo zibazwe zicije

96. kugxitshulwe ngazo. Kumbiwe imigodi bese kufakwa uhlamvu lombila noma olwamabele. Abanye bathole izinkubazane ezindala basebenzise zona. Kwakungakhethwa inqobo into uma ingambe yayisetsheziwa. Kodwa abanenkubazane babelima kangcono bona.

Yilowo nalowomuntu wayephuma ayolima kwakhe. Kodwa kwakuqalwa ngensimu yomnumzane wekhaya. Lapho wonke amakhosikazi ayebuthana khona, kuthi ingaphela insimu yomnumzane bese yileyo nayileyo iyongena kwayo. Uma ithanda yenze ilima ukuze abantu bayelekelele.

Uma izele yelekelelwe amantombazane. <sup>97</sup>Uma ungenaye umntwana, ~~xx~~

97. wawubonakala kulezonsuku. Uma kunomakoti sebezokwelekelela unina. "Ukuzala ukuzelula", savela lapho lesisiga.

Uma ukuthi uwedwa kuyakuthi izihlobo zakho zizokusiza ensimini yakwako. Noma indodakazi yakho uhambe uyoyelekelela ingaze ihlekwe emuzini lapho igane khona. Abantu besilisa babengayi ukuyolima, lona umusebenzi wabantu besifazane. Izihlobo nazo zazimusiza umakhelwane wazo. Mhlawumbe kusuke amantombazane akomunye umuzi ayosiza isihlobo sawo esikomunye umuzi. Kwakusizwana nanga6o utshwala kwenziwa amalima. Uma kuyilima kumenywa izihlobo kanye

s846

98. nomakhelwane. Nabanye abantu sebezofika ngokuzokwelekelela. Ilima lalenziwa nangenkomo.

Umuntu uma emenyiwe, wayethumela uma engaphumeleli yena. Kokunye athumele izingane zakhe ziyosiza lapho. Uma engenayo ingane baziswe laho abamumemile ukuthi akaphumeleli ngani. Uma umuntu ehlalile ngaphandle koku6ika singekho isizathu, kwakuye kuthi musukwana eka6i naye bangamusizi bese kuvela nokuxabana ekhaya nokunukana ngenxa yaloko. Kubuzwe ukuthi uhlaliswe yini bemumemile. Sekuvela ukungahambelani. Iholo lala6antu abamenyiwe ukudla

99. utshwala noma inyama. Umuntu wayesiza abasizana naye. Kuthiwa:- "Ikhotha eyikhothayo".

Uma kuyilima abantu ba6eja6ula kakhulu ngo6a kulapho izinda6a zaziphela khona. Nakuzo izintombi zazixoxwa izinda6a. Kuthi nezinsizwa zihambe ziyocela utshwala ezintombini, namanye amadoda ayeya ukuyocela utshwala kwa6esifazane. Kuyokuthi uma 6efika kusasetshezwa belekelele na6o. 6a6evama ukuya uma ilima seli6uya liya ekhaya. Kuzakuthi nezishela zezintombi zisondele kweshelwe khona lapho. Kweshelwe kusetshezwa. Kuzathi noma kusahleziwe.

100. phansi kuphuzwa kweshelwane. Kuxoxwe nezinda6a zezintombi nezinsizwa, nezimpi zezinsizwa, nezezintombi, kuncokolwe ku6e njeyana.

Kwakhutshwa namahu6o kufundiswana kuhlakulwa. 6onke abantu 6ename menziwa utshwala se6edakiwe. Insimi yayiphela ngesikhashane ngo6a abantu 6exokozela bangasheshi ukuzwela ukudinwa. Izintombi zona zihlakula zodwa na6afazi 6odwa. Kodwa kwakubuye kuliwe futhi masishane kulinywazane. Kodwa abantu bayalithanda ilima. Kuthi uma sekuphuzwa njena 6esekusinwa amakhosikazi, nezintombi ku6e kuhle impela ikakhulu uma utshwala 6umnandi. Elenyama aliminandi lona

101. kakhulu ngo6a abantu abadakwa. 6aja6ula kakhulu uma 6edakiwe.

Insimu yenkosi yona ilinywa kuqala. Amakhosikazi aqala ngayo. Nanamhlanjena izipani zezinka6i ziqala khona. Umuntu uma akavela ilanga lalinye usuke eseqedile noma amalanga wonke akukhethelwe. Uma ungayanga uyahlawula umnumzane walowo muzi inkomo. Lensimu elinywe abantu 6onke izohlakulwa yi6ona abantu la6o futhi; kanti



s846

nokuvuna kunjalo, nako ivunwa yi6ona abantu. Kunemasimu esizwe noma ma6ili njena. Abanye inkosi iyozihlakulela yona nomuzi wayo. Nomnumzane abantu abamakhele bazomlimela kuqala.

102.

Ukubhlakula.

Uma sekuyisikhathi sokubhlakula umntu uyasokola. Kuye kuthi usamila umuntu 6ese uya6iya ukuze izilwane zingagangi. Kuthathwa amahlahla ku6iywe ngawo, kufunwe nemithi yokuvimbela abantu. Kukhona izinyamazane nezintelezi zokwelapha ukudla uku6a abantu 6ehluleke ukukubulala. Omunye uyashunqiselwa emasimini ukuze ukudla kungafi noma umntu ethi uyakubulala. Kuthathwa ugagane ku6iywe ngalo ukuze abantu 6angayitholi indawo yokungena nezilwane kanye nezinyamazane zingangeni. Abanye 6ayaluhlwayela ugagane.

103. Izinyoni zona ziyathiywa ngenomfi nangog<sup>103</sup>6e. Uma zehlula kuloku ziyalindwa. Kwakhiwa izindlu zokulinda khona emasimini kuvukwe ekuseni kuyolindwa izinyoni. Amantombazane alindayo apheka khona lapho emasimini aze abuye selishonile. Nazo izinyamazane ziyalindwa njengezinkawu uma zingacupheki. Isikhonyane siya6ulawa sona kushaywe namathini kuculwa kuthiwa, "Hayi ngesikhonyane." Siye simuke kokunye ngesinye isikhathi singahambi. 6ayasidla futhi abantu. Amasela ayaloywa uma eganga emasimini. 6ayawadwebela noma 6awathwebule, a6e nesithu6a-mwane.

104. Kuyenzeka uku6a abantu 6aphume inqina yokuyobulala izinyamazane nabantu abaganga emasimini. Kuyenzeka uku6a omunye umntu ngokuhlushwa amasela 6ese uyagada kodwa aka6i yedwa. Uyaye ameme amanye amadoda ayomusiza. Uma kunezinsizwa ziyaphuma ziyobeka e6usuku. Kuye kuthi uma kugadiwe e6usuku izinsizwa zihlale emaxhi6eni; amantombazane alinda emini. Kuye kulindwe kuze kuvunwe.

Uma kulindwa izinyoni kuye kuthathwe ilengisi namatshe okudu6ula izinyoni. Umntu lowo olindile uhlala exhi6eni aloku ejikijela ngelengisi ethusa zona x izinyoni. Uma elinde e6usuku uya6asa ahlome ukuze akwazi ukulwa. Kulinda amadoda e6usuku, kodwa 105. akuvamile. Kokunye izinyoni ziyelashwa; kunezinyanga ezelapha izinyoni emasimini. Kwelashwa uma sekunezikho6a. Yizona izikho6a

s846

ezisetshenzwayo ukuze zidinwe. Abanye belapha isigwe uku6a sizivimbe izinyoni sigade insimu.

Umuthi wezinyoni kuthiwa isinana. Phela abanye belapha ngexoxo. Kuye kukhiwe izikho6a zithakwe kanye nexoxo, besekwenziwa iziko izinsuku ezintathu. Omunye isigwenya lona, wona welapha isigwe uku6a sivimbele izinyoni zingangeni ensimini. Nayo inomfi iyasiza uma umuntu eyi6eka lapho izinyozi zihlala khona.

106. Imiswenya wona welashwa ngomlotha. Kuye kuthi kuma izintanga noma umbila usuphumile 6ese uzungezwa ngomlotha ukuze umswenya ungasondeli unqume isithombo.

Izinyamazane zivinjelwa ngogagane luye lu6iywe noma luhlwayelwe. Abanye balindela ukuthi 6athole lapho kudle khona inyamazane 6ese6eyelapha lapho kudle khona inyamazane 6ese izwa ingasakuthandi loku e6ikudla. Uma kungenjalo ivuvuke umlomo ize ife.

Amasela nawo 6awenza njalo 6awafaka isithuba-mwane noma u6omvu, umuntu avuvuke umlomo noma 6amfake uzagiga avuvuke izihlathi namazinyo a6e6uhlungu. 6alumba lapho egange khona. Nonyawo lwakhe 6alutshube luvuvuke.

107. Uma kukhona amasela kuye ku6ikwe enkosini. Uma inkosi isizwile isizo6ikela izinduna, nazoke izinduna zi6ikele abantu 6azo ukuthi nanku umhlolo ovele. Sekuzophuma inqina iyozingela lamasela. Inqina izophuma ebusuku. Uma ukuthi aseka6onwa sekuzophuma yona impi emini iwavimbezele. Asezobanjwa a6ulawe. Uma kungenjalo sekuzokwelashwa ukudla kuthi amazela abawadlile athakwe ngemithi, 6ese6egula 6avuvuke imilomo. Abanye 6abathwebule 6agule 6afe. Into ephambili umbulelo ngo6a awuthathi sikhathi umuntu umnquma ngesikhashane. Amasela aya6ulawa wona.

108. Ukudla ukuze kukhule kahle/kuyelashwa, kuyashunqiselwa. Umuthi wokushunqisela umvimbela nayo impunyu iyasiza uma ithakwe neminye imithi. Lemithi ishunqisela insimu ekuseni nantambama; umuntu uyalindele umoya ukuthi uya ngakuphi; uma ubeka ngasensimini 6ese uyashunqisa. Nawo amafutha omuntu ayasiza uma umuntu eshunqisa ngawo. Kuye kuthi umbila uphenduke u6emnyama kodwa uma

s846

umuntu ewudla kuswele uku6a ulungiswe kuqala. Kuye kwelashwe a6antu uku6a 6aqine. Kuye kwelashwe nezulu uku6a lingaku6ulali ukudla uma liza ngamawala. Kuye kufinywe amafindo kwelashwe izulu.

109.

Ukuvuna

Uma kuyisikhathi sokuvuna kuwumsebenzi wabesifazane futhi, nawo amantombazane ayasiza, kokunye namadoda asayasiza kuzinsuku zanamhlanjena. Uma sekuyisikhathi sokuvuna ku6onakala komkhulu, y6ona a6aqala ukuvuna amasimu 6ese kuyaziwa ukuthi sekuyisoke isikhathi. Kokunye kuyamenyezela ukuthi sekungavunwa manjena. Umuntu akaziphumeli njena.

Uma kuvunwa kusikwa izingaba zamabele 6ese zibeke ensimini. Kuyakuthi uma umuntu esebona ukuthi seliyoshona a6ese enza isiza. Asike izinhlanga zamabele 6ese ezendlala phansi. Usezothatha amabele awahlele kahle phezu kwazo izinhlanga/lezo. Kuyakuthi uma  
110. awabeke amabele izinhloko zawo zibeke phansi, amalunga abeke phezulu wona. Useyoze ayiqede insimu evuna kanjalo. Uma eseqedile usewathutha ewasa ekhaya. Namhlanjena athuthwa ngezinka6i alayishwe esihliphini. Edulo kwakwenziwa ilima amakhosikazi awalande awethwale aze aphele.

Umbila nawo wenziwa inqaba ensimini. Kuyendlalwa lapho uzo6ekwa khona izinhlanga ukuze unga6oli uma izulu selina. Kuyakuthi uma usuphelile ukuvunwa uthwalwe njengawo amabele ngezimbengi<sup>e</sup> amaqoma, usiwe ekhaya. Uma usavunwa uyahlutshwa amakhasi asale ohlangeni uphonswe izinqunjana eziningi. /Kuzakuthi uma selishona  
111. azi6uthe azithele ndawonye esitheni esikhulu. Kuvunwa e6usika kuphela.

Uma kuvunwa kutholwa imvume enkosini kuqala. Uma kukhona umuntu othizeni ovune kungakavuni a6akhulu uthola icala, inhlawulo inkomo. Phela uma sekuvunwa umbila udliwa imbasha, uwase izigaba, kodwa uma kungakavunwa akuvunyelwe loko. Kuthiwa umuntu wona umbila noma yikuphi ukudla uku6a kungavuthwa kahle. Nalaba a6elepha ukudla 6ayakushunqisela ukudla ngaphambi koku6a kuvunwe ukuze kunga6abulali labo a6akudlayo. Uma sekushunqiselwa wonke umuntu uyayazi ukuthi sekusondele ukuvuna manjena. Kona loku imvume yako

s846

itholwa kwa**6**akhulu kuqala, kande wonke umuntu <sup>112</sup> azelaphela eyakhe

112. insimu.

Uma sekuvunwa abantu bonke bayasizana. Kubakhona amalima nokuvunisana. Amalima enziwa ngotshwala kumenywe wona amakhosikazi uku**6**a azosiza nazo izintombi. Amadoda nawo namhlanjena aseyasiza kuwona amalima. Ilima liyasiza ngo**6**a liyasheshisa lona. Ukuvunisa umuntu uyeze azovunisa, ukuze nawe umbone uma usubulile umuphe okulingene, usizo lwakhe kuwona. Noma ungakabuli usuqoqela ekhaya uyamupha umuntu lowo obezovunisa. Kuvana ukwenziwa abantu abanendlala loko. Okunye umuntu uyalande isihlobo sakhe uku**6**a sizomusiza uma esavuna. Nasoke isihlobo leso uzosipha. Uma ephuza ukuqeda izinkomo zomdlala. Kuhle wonke umuntu asheshise kuphele

113. kanye angasaleli kakhulu uma abanye sebeqedile.

Umthetho kuqalwa ngensimu yenkosi ukuvuna, wonke amakhosikazi abonakala komkhulu kuqala kande abonakale emasimini awo.

Kuyekuthi uma sekuvuniwe wonke umuntu ahambe ethwele isiqe**6**etho sakuvunileyo ayokwethula enkosini. Kwethulwa kwankosikazi. Iyodwa ingungu yesizwe senkosi. Umuntu ongethuli kuyona uthola icala ezinduneni ngo**6**a yizona ezibeke lomsebenzi. Uyahlawuliswa ngenkomo umnumzane walelo khaya. Bonke abantu bayethula ngo**6**a kulicala. Okunye kwethulwa kumuntu owelapha wona

114. amasimu. Kuye kusiwe zona izihlelo zigcwele noma amabele noma wona umbila. Uma umuntu engethulanga unecala; futhi insimu yakhe ~~nyt~~ ayisenakunakwa muntu ngonyaka olandelayo. Inyanga leyo isizokubulala ukudla kwalowo muntu. Kuyinto eyaziwayo leyo. Okunye ukudla kwakunikwa umuntu ovimba izinyoni emasimini uku**6**a zingawadli amabele. Nezingane ezilindayo uma ingeyona eyakulowo muzi inikwa intwana ~~x~~ ngaso isihlelo.

Kuyakuthi ukudla okusele **6**ese ku**6**a ukudla kwase khaya loko.

Uma sekubuliwe kuzothathwa kufakwe ezingungwini noma ezilulwini ukuze kugcineke kahle loko kudla. Uma kungakabulwa <sup>5</sup>/sekugcinwa

115. ezingqolobaneni nasezibuyeni. Abanye abanazo izinqolobane ukudla bakuthela ezibuyeni.

s846

Uma kuzobulwa, kuye kumenywe izinsizwe noma izintombi, ~~aku~~ akukhethelwe. Umuntu uqala ngokwenza utshwala kuqala Gese umema abantu uku<sup>ba</sup> bamusize. Kwenziwa uma ummbile sewomile noma ama<sup>be</sup>le. Noma yiluphi uhlobo lokudla kwenziwa kanjalo. Izinsizwa noma zintombi zizakuza nezibulo zokubula. Sekuhlalwa phansi kubulwa inqumbi leyo ebulwayo.

Kuye kwenziwe isiza kuqala lapho kuzobulelwa khona. Kuye kucethwe Gese kuyashanelwa kahle ngemva sekuyasindwa. Kusinda wona amakhosikazi. Abantu Gese<sup>116</sup> silisa bona bayacetha uma Getholakala. Uma 116. Gengatholakali kucetha bona abesifazane. Uma kunebala elihle ekhaya kushanelwa lona lisidwe futhi. Kuthathwa umhlabathi ongenawo ameva nongenawo amatshe ukuze ukudla kungalumeli uma sekudliwa. Kuzakuthi kungaphela ukubula Gesekuyeliwa kahle. Wonke amakhosikazi asondela nezihlelo zawo. Amanye awazange abizwe umuntu ezokwelisa njena. Kuyakuthi uma ela a<sup>be</sup> ngeba<sup>bili</sup>, ku<sup>be</sup> inkosikazi eyelayo nenye eshanelayo okungafanele ukuwela kuloku okweliwayo. Kweleka kahle uma kunomoya; uma ungekho bayahlupheka. Isiza abanye Gasenza emasimini lapho bekuvunelwa<sup>117</sup> khona. Abanye bakubuyisa sebekubulile 117. ukudla emasimini.

Uma sekubuliwe ukudla sekuthuthwa iwone lamakhosikazi azokwelisa. Ukudla loko sokufakwa kuzinqolobene nasezilulwini, abanye njalo bakufake ezingungwini, imigodi eyenziwa esibayeni. Nazo izingungu ziqale ngokusindwa kahle impela phansi, Gese kuyathelwa ukudla loko. Kuyakuthi uma sebeqedile ukukuthutha ngezimbenge nangezihlelo Gese bayabelana. Kuya ngamandla omuntu uma inqobe iningi Gese Geyiphinda futhi sebeziphindela laba Gesifazane abelisayo. Uma sebeziphindela ekhaya izihlelo za<sup>bo</sup> zigwale kahle. Abanye njalo abangamavila zingagwali ngoba inqobe<sup>118</sup> ya<sup>bo</sup> ibencane. 118. Uma kuwumbila bathola namahleza okubasa ekhaya. Yilawo mahleza umuntu owabulile emuke nawo awakhe. Baye bawahlelelane kahle uma bekubulwa ndawonye. Amaningi asalela umninizuzi.

Ukwahlulelana kuye kusuke umninizuzi oyena Gese<sup>119</sup> mbulela abehlukanisele bonke. Uvama uku<sup>ba</sup> nika ngokulinganayo. Uye abaphe

s846

ngesihlelo singagwali. Noma bebeningi abaniko bonke. Ngendaba yenqobe bayazabela cona ngokwabo. Inqobe okungabulekanga kahle. Kuzakuthi abanye behemba umuntu usephinda inqobe yakhe ize ibuleke kahle impela. Usengeza ngayo lapho ephiwe khona bese uthola

119. okuningi. Naye umnini-kubula ineyakhe inqobe. Abanye baze balandelisa nangakusasa bavukele khona. Kuzakuthi ebebevunisa baphiwe khona lapho okwabo; kuca kuningi cona, kuca ngamasakane amancane, amaqoma; kuya ngokuphana komuntu lowo ebebevunisa.

Ukugcina kokudla.

Izingolobane. Abantu bakha izindlu zokudla, zibe phezulu ukuze ukudla kungatholwa umhlwa masishane. Yakhiswa ekwehisa inqolobane. Kodwa eliphakanyisiwe bese kwendlalwa izinhlanga ngaphansi ukuze umbila ungasushuki uma uphonswa phakathi. Kuvama ukuhlala umbila ongakahululwa namabele angakahululwa, namathanga

120. nokunye ukudla. Isilulu senziwa ngotshani kuthelwe kuso amabele noma umbila osuhululiwe. Senziwa njengesihlandla sokufulela indlu kodwa sona simise okwesigubu umlomo ucemncane ukuze uvaleke. Ezinye izilulu zithwala amasaka alishumi, ezinye njalo amashumi amabili. Uma sesimiswa sibekwa phezu kwamatshe ukuze singaboli masishane. Senzelwa isidlidli zokusivala phezulu. Isidlidli senziwa ngoqunga. Amakhosikazi akhanda izilulu aholo izimbuzi ngokwendlulana kwazo. Ezinye amazinyane ezincane impela lezo.

Izingungu yizona bazithandayo abantu ngoba azinayo imali

121. eningi uma zenziwa. Umuntu uyayimba ingungu. Imbiwa indoda noma imeme amanye azoyimbisa uma inckhamba lotshwala. Uma ithanda iqashe umuntu ayimbe ukuze ahole imbuzi noma aphiwe ukudla. Amakhosikazi ayayisinda uma isiphelile ngobulongwe. Yenziwa esibayeni sezinkomo, endaweni lapho kunganethi khona. Kuthelwa umbila osubuliwe noma amabele asebuliwe. Kuyenzeka inethe kancane bese ukudla kuca nesangcothi konakale. Zilayisha amasaka amaningi izingungu. Azivulwa njalo ezokugcina ukudla. Uma isivulwa ukudla kuyakhishwa kuyona. Zibeka ukudla okusagciniwe njena.

122. Ukuze ukudla okugciniwe kungonakali kuthathwa umlotha bese

s846

uthelwa kukona ukudla. Uma kufakre umlotha ukudla akuphehlwa, nembovane ibancane. Nayo insangu iyenza ukuca imbovane ingakoni ukudla. Kuyaye kushiswe yona insangu bese kuthathwa umlotha wayo. Abanye bayifaka ~~nam~~ bengayishisile insangu bese iyanuka ixoshe ~~ixi~~ izilwanyane ezincane ezingona umbila noma amabele. Abanye bathatha umule wendlu bawuxube nokudla loko okugciniwe. Izingungu zinukiselwa ngentuthu yogwayi uma umuntu esola ukuthi kukhona okuwudleyo umbila. bese kubekwa nayo insangu, ngoaba inephunga; bese ixosha izilwane ngesphungalayo.

123. Uma umbila usubola, uyakhishwa uhlelwe kahle wenekwe wome kahle, kuthi lona osowonakale bese kwenziwa ngawo isangcothi. Nayoke ingungu isiyasindwa futhi kahle iyekwe yome kahle bese uyaphindiselwa umbila noma amabele.

Ukuvalwa kwezilulu: Kuye kuthathwe iqoma elidala kuvalwe ngalo ngoaba umlomo wesilulu muncane, ngaphezulu sekwenziwa isidlidli ngoqunga kwembozwe isilulu ukuze singanethi singenele uma selina.

- Asivamile ukunetha isilulu, asibolisi futhi sona. Inqolobane yona yakhiwa njengexhiba ifulelwe kahle ukuze inganethi. Uma inetha iyakona ukudla. Ibuye ilungiswe ukuze inganethi. Emnyango kwenziwa isivalo njengasexhibeni, kwelukwe isihlandla <sup>124</sup> kuvalwe ngaso  
 124. emnyango. Abanye bavala ngamahlahla noma ngezingodo. Inqolobane yona ihlala ukudla okungabuliwe. Ingungu, kuye kuthi uma sekumbiwe bese kwenziwa umnyango omncane. Sekuvalwa ngesikhumba. Abangenaso isikhumba bavala ngetshe elisicaba phezulu. Uma sekuvaliwe ngetshe besekusindwa ngobulongwe ukuze kungavuleki kunganethi futhi. Ingungu ayifuni ukuvulwa njalo ngoaba ingonakala yona. Uma isivaliwe iyahlala eside isikhathi ingavulwa. Uma umuntu eyivulela futhi iyaye inethe.

- Ukudla kuyahlolwa uma ukuthi izulu liyana, uma lingani abanaki kakhulu. Kuyethukela umuntu evule <sup>125</sup> isilulu wasihlola. Kuye  
 125. kuthi uma bebona ukuthi eminye imbila engaphandle kwesilulu isiyaphehlwa bese behlola nakhona esilulwini ukuthi kunjani. Umuntu akasukeli ahlole njena engabonanga lutho. Yingako omunye umbila noma yini kuye kufunyaniswe sokonakala.

s846

Ukudla uma kugcinwe kahle kuhlala isikhathi eside. Ikakhulu uma inqolobane ilungile. Kuvama uku6a kuphehlwe kodwa kuyawuqeda unyaka kungaphehliwe ngomunye unyaka, uma futhi inqolobane ilungile. Isilulu sona siyakwazi ukugcina impela kakhulu ngo6a neminyaka emi6ili singayiqeda ukudla kusahleli kahle. Nakhona ukudla kuvama 126. uku6a kudliwe imbovane/kodwa uma 6eyinakekele uyahlala iminyaka. Kuya ngokuthi ukudla ku6antu kuhlala unyaka u6emunye ngonyaka olandelayo sekuyakhishwa sekufakwa okusha. Izingungu ziyabolisa, ngo6a uma izulu selina kakhulu ziyanetha zingene amanzi, 6esekuyabola ukudla. Kodwa uma nayo isendaweni enganethi futhi ivaleke kahle, iyawuhlala umnyaka omi6ili; noko kuye kufumaniswe omunye ummbila sowonakele, ungasalungele ngisho nesangcothi sodwa lesi. Uma izulu lingani ziyagcina impela izingungu, kodwa azinakufana nesilulu. Inqolobane yona igcina okuningi. Ifana nesibuya esigcina ukudla kungakabulwa, kodwa ngesikhathi sezivula kuyasuswa esibuyeni kuthukuswe ezilulwini, nasemaxhiseni.

ENDS. 846